(CIB pdf formfields Demoversion)

biblia zuluensis

iviyo lezikhuthali obanjiswaneni
lokuhumusha nokubhala kabusha ibhaybheli ngesiZulu

ngoMsombuluko, zintathu kuMeyi 2004

M a s i f u n d i s a n e:

IZIFENGQO•

Ukufengqa ukusebenzisa igama ngenhloso yokuphawula nokugcizelela okuthile. Izifengqo singazehlukanisa kanjena:

1 **Isifaniso** *(simile)*

Lapha kufaniswa izinto ezimbili noma ngaphezulu ezahlukene ukuze kuthalakale ukufana phakathi kwazo. Kusetshenziswa izakhizokufanisa u -njenga, -fana, -nganga, -kuhle, okwe-, sa-,

Laba fanyana baculisa okwezingilosi.
UMpungose ufana noNqetho.
UBanks urlala njengoMfeka.

2 **Ukungathekisa** *(netaphor)*

Lokhu kuyisifaniso kodwa akusetshenziswa izakhi zesifaniso.

AmaBhunu ngamabhubesi.
Imali yimpande yesono.
“Mina ngiyindlela neqiniso nokuphila”

3 **Ukwenzasamuntu** *(personification)*

Izinto ezingenamphefumulo zenziwaizinto ezonomphefumulo.

Icala lembula incubo lingene.
Kwamntshontsha ukufa.
Ilanga lihamba ngamandla ebusika.

4 **Ihaba** *(hyperbole)*

Lokhu ukusho noma ukuchaza into ngendlela eyandisayo.

Ngangena imbamba isigcwele indlu.
Wahamba njengonyazi.
USipho unesisu esingangendlu.

•• Lolu lwazi silucaphuna encwadini kaS.S. NHLUMAYO: „IFONETHIKSI NOKUHLELWA KWESIZULU“, Educum Publishers, 1979, ISBN 0 7980 1689 2, ikhasi 171-178.

(CIB pdf formfields Demoversion)

5 **Inhlonipho** *(euphemism)*
Lokhu ukusebenzisa igama elithokozisayo esikhundleni segama elibuhlungu.

Ubaba umnandi namuhla.
Ubaba uqhuba imbuti yakhe yedwa namuhla.
Amadoda amaning aseMkhomazi ayahambahamba.
Ubomqaphela uMaDlamini, uyathatha.

6 **Umbhinqo** *(irony)* Isibhinqo
Lokhu isisho esiphambene nesikushoyo.

UMbopha kwakuyinceku ethembekile ngoba wakwazi ukuvukela uShaka inkosi.
Uhlakaniphile ngoba awazi ukuthi amasenti mangaki erandini.
Ubruthasi yindoda eyethembekile?
Uyangithanda bo. Ungibizela izigebengu.

7 **Indida** *(paradox)*
Lona ngumusho onokuphikisana okusobala.

Unecala lowo ongakaze abenecala.
Ozama ukonga impilo yakho iyomlahlekela.
Ukufa kugwinywa ukuphila.

8 **Ukubhuqa** *(sarcasm)*
Lokhu ukusho leyo nto ofuna ukuyisho ngendlela esikayo noma ehlabayo.

Amaphoyisa eNseleni ahlome ayingovolo.
Ikhaya lakhe langempela kusesitebeleni.
Nobani nobani angaya ukuyobona impi kaMakhathini noLumley ngoba kungenwa ngo-R10 umuntu emunye.

9 **Ivuthondaba** *(climax)*
Lokhu ukubeka amazwi ngendlela ethile ukuze isigameko esikhulu kugcinwe ngaso.

Intandane enguTholi yafunda kwaKhandisa, naKwaDlangezwa nasOngoye, yaze yagcina eJiniva.
Abafundi basoThukela bavuka ekuseni bageze, bagqoke, badle bese beyafunda.

10 **Ipholavuthondaba** *(anticlimax)*
Lokhu ukubeka amazwi ngendlela ethile ukuze kuthi okulindelekile nokujwayelekile kungaveli, kuvele okunye nje.

Fundani bafana bami uuze nibe ngomashanela.
Wayehlakaniphile uJoe eskoleni yingakho namuhla engumashanela.

11 **Ukuqhathanisa (”ngokuhlanekezela”)** *(contrast)*
Lokhu ukubeka amazwi abhekane ukuze kuvele umahluko phakathi kwawo.

(CIB pdf formfields Demoversion)

Phela umfundisi akamzala umfundisi.
Ilunga lizala inzimakazi.

12 **Uteku** *(pun)*
Lokhu ukusebenzisa amalgama angase abenezincazelo eziningi lilinye.

Ngimbonile uJoe evela kobona kwaGumbi phela kwadla umphezulu.
UMaMkhize wabaleka emzini wakhe ngoba kwathi kusa-nje uSibindi umyeni wakhe wabalekelwa yizintombi ezimbili langa linye.

13 **Isifanisomsindo** *(onomatopeia)* Ifuzamsindo
Lapha kufaniswa umsindo owenziwa ngenye-nje into.

Ukuntwiza kokhethe kwethusa izingane zakwaMthembu.
Musani ukuhlikihla izincwadi zenu nina bafana.
Abafana basweMgamule bathanda ubuhhomuhhomu.

14 **Ifanamsindo** *(alliteration)*
Lokhu ukufana komsindowongwaqa.

Isiziba sinzonzo sinzonzobele.
Ilanga laphuma ladonsa laze layoshona.

15 **Ifuzankamisa** *(assonance)*
Lokhu ukufana komsindo wonkamisa.

Zahlala zathi vosholololo izingane.
“Lala Sthandwa ... Lal’ uphumule”
Wayibiya wayithi gimbilikici.

16 **Umbizi** *(apostrophe)* Isimelinobumba
Lapha kubizwa umuntu ongasekho noma kubizwe into engaphili.

“Kufa, luphi udosi lwakho na?”
Jama, ngizwani ngezindlebe zami!
Ndlondlo ekhwela emthini kwawoohloka inyanga.

17 **Umbuzomvama** *(rhetorical question)* **Umbuzombumbulu**
Lokhu kungumbuzo ongadingi pendulo. Ubuzwa hhayi ngoba kukhona ulwaziolusha ofuna ukuluthola.

Uyabona? Zinale izingubo ezigqokwa nguNozipho Mazibuko.
Sikhulume naye isikhathi. Uyaqonda?

18 **Ukuhlanekezela** *(metonymy)* Inhlanekezelo
Lapha igama noma ibinzana lamagama limala okunye okuhlobene nakho.

<u>Umuntu vangamela imisebenzi yakhe</u>
Thathani uJ.C. Dlamini wenu nifunde.
Sesakhathala ukufunda uNhlumayo.

<u>Okuphethwe kumelwe ngokuphethe</u>
Isibaya sami basidle sonke abakwaKunene.

(CIB pdf formfields Demoversion)

YiKhombindlela lena engenayo manje esiteji.
Ibhodlela liyamqeda lo mfana waseNtuzuma.

Okufaniswayo
Insika yomuzi izofika.

Okuhlalwa kukho kumele umuntu
Likhathazekile manje ibhentshi lamakhosi.
ISeventini namhlanje idube amabhasi kaPUTCO.
(Section T)

19 **Ummeli** *(synecdoche)* Umphatheli
Lapha ingxenye yento imele okuphelele.

Lo mfo esifunda naye usenoKhisimuzi abangama-25.
Ungcono wena MaHadebe ngoba usunalo uphahla lwakho.
Umlomo wenkosi awushaywa.

20 **Inhlanekezela** *(oxymoron)*
Lapha kusuke kusetshenziswe amagama aphikisanayo ukuveza ukugcizelela okuthile.

Ngimthanda kabi uNgema.
Ngokungisiza kanje ngizokuhlabela inyama yenyoka.
Inhle kabi le ndawo yaseNquthu.

21 **Inguqunguqu** *(litotes)* Umjiko
Lapha kubekwa isimo ngokuvezwa okuphmbene nakho.

Yisilima lo mfana kaMthombeni. Ubashaye bonke emakhanda ezibalweni.
Sesifile ukujabula.
UNxele akasilambi.

22 **Insumansumane** *(fable)*
Lokhu kuyinganekwane engezilwane noma ngezinyoni lapho zikhuluma noma zenza njengabantu.

Izindatshana ngoNogwaja.
Izindatshana ngoFudu.
Izindatshana ngoChakide.

23 **Umzekeliso** *(parable)*
Lokhu yindatshana ngabantu enesifundo esithile senkolo kumuntu.

UmSamariya okungileyo.
Izintombi eziyishumi.
Amathalente.

24 **Umfanekiso** *(allegory)*
Lokhu yindaba esuke ekhanda exoxwa ukuze kubonakale kahle okuqondwe okuchazwayo.

(CIB pdf formfields Demoversion)

"Uhambo Lomhambi"

25 **Ukwenzasasilwane** *(animalification)*

Lokhu ukuthatha umuntu menzise into eyenziwa yizilwane.

UThulani bamshaya wabhonga kwezwakala kude.
Angisitholanga isikhathi sokwethisa le ndaba.
Ukhuni luzala umlotha.
Inala iya emuva iye phambili.
Unyawo alunampumulo.

26 **Umpendu** *(metathasis)*

Uze ungithengele ifosholo/ishofolo kwaDiye.
Waze wangilaya/yala lo mfana.
Uze ungidlulisele umlayezo/umyalezo kubo.
Musani ukuhlofoza/ukufohloza izimbali zikaMnguni.
Wayithi monyu/nyomu.
Monyula/nyomula.